# UTOMMY

## Ikati Eliwugimba

Le ncwadi yabhalwa okokuqala isiTsonga nguMkhancane Daniel Ndove

Umfanekisi nguAdrie le Roux Umhlobisi nguJeanne Fleming

Yahumushwa isuselwa kweTsonga nguHlengiwe Ngcongo



ZA_ABP_18_0112_TommyTheGreedy_ZU_Inside.indd 1 6/22/23 16:27

UTommy wayezihlalela esihlahleni. Wayevilapha kakhulu ukuthi angayozingela.

Wayephila ngezinsalela zokudla ayezithola emzini wakwaManala.



Ngelinye ilanga lo mndeni waqoqa izimpahla zawo, wazifaka emotweni.

“Sengizosala ngidlani-ke mina manje!” kusho uTommy.





Eselele waphupha kunedili elikhulu ayezibusisa ngalo.

ZA_ABP_18_0112_TommyTheGreedy_ZU_Inside.indd 5 6/22/23 16:27

Ngakusasa ekuseni, uTommy wanyonyoba waya ekhishini.

Phezu kwetafula kwakukhona ubisi.

UTommy wazama ukufinyelela kulo, waze waluthola.

Wathola ukuthi lolu bisi selumuncu!




UTommy waya endlini yokuphumula.
Wathola amaphakethe ama-Niknaks axhunywe ndawonye.
Wawadla onke wawaqeda.





ZA_ABP_18_0112_TommyTheGreedy_ZU_Inside.indd 8 6/22/23 16:27

Ngakusasa uTommy waqonda ekhabetheni.




ZA_ABP_18_0112_TommyTheGreedy_ZU_Inside.indd 10 6/22/23 16:27

**Wathola isinkwa. Naso wasidla.**
**Wathola amaqebelengwane. Nawo wawadla.**
**Masinyane wakhathala yilolu hlobo lokudla.**



UTommy wavula ifriji.



Izibiliboco ezingaka!


ZA_ABP_18_0112_TommyTheGreedy_ZU_Inside.indd 13 6/22/23 16:27



Nasebusuku phakathi kwamabili wayevuka afune okunye futhi ukudla.


**UTommy wakudla konke ukudla okwakusefrijini.**





Ngelinye ilanga kusekuseni,
uTommy wezwa imoto iduma.

Umndeni wakwaManala
wawusubuyile.



UTommy wazama ezimpintsha
ewindini, efuna ukuphuma, lutho!

Phela wayesekhuluphele kakhulu!

"Sigetshengiwe; bekunezigebengu la!" kuzikhalela abomndeni.


Endlini kwakumahlikilili, kumahlaphahlapha.

Kusenjalo, intombazane encane yambona uTommy.

"Akuwona amasela, nguTommy!" kwasho intombazane encane.



"Kusho ukuthi ubeselambe kakhulu," sekusho umama uManala. "Bekufanele ngabe simnakekelile."





Intombazane
yahleka, yamthatha
yamgona uTommy
owaseyisidudla.

“Tommy,
ngizokukama
uboya bakho.
Kodwa kuzomele uqale
ngokuyozivocavoca.”

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*UTommy Ikati Eliwugimba*
Tommy the Greedy Cat
Ihunyushwe nguHlengiwe Ngcongo

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0112
ISBN: 978-1-928474-04-3

Ishicilelwe okokuqala iSharp Shoot.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala isiTsonga nguMkhancane Daniel Ndove.
Umfanekisi nguAdrie le Roux
Umhlobisi nguJeanne Fleming
Umhleli nguAlison Ziki
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-2 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Sharp Shoot
Shop 3 A, 4 Devenish St, Polokwane, 0699, South Africa
015 297 8416

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

CC BY

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.